



transport

Department:
Transport
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



community safety & liaison

Department:
Community Safety and Liaison
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



Abantu kumele
baqonde
ngokuhlonishwa
komthetho

Ikhasi 4



Ziyaqhubeka
ezokuqinisa
uzinzo
nokusimama
kwemboni
yamatekisi

Ikhasi 3

IZINSUKU EZINGU 100 EHHOVISI

30 SEPTEMBER 2016

OwezokuThutha ugxilisa ezomnotho kubantu bonke



Inselelo esibhekene nayo ngeyokuguqula ezomnotho nokuqinisekisa ukuthi amathuba amabhizinisi afinyelela kuzo zonke izakhamizi zakithi

-Kaunda

UMnu Mxolisi Kaunda uthi ezinsukwini ezilikhulu zokuqala esehhovisi usebonile ukuthi uzozisebenzisa kanjani izinhlelo zoMnyango wakhe ukusabalalisa amathuba ezomnotho kwizakhamizi zaKwaZulu-Natal ngesikhathi sokuphatha kwakhe.

Isithombe: Thami Mkhulisa

Ungene kwezwakala uKaunda emakhaya elethe intuthuko



UNgqongqoshe uMnu uMxolisi Kaunda ngokubambisana nobuholi baseDumbe uphendula isoyi lohlelo lwemigwaqo ezofakwa itiyela elokishini laseBilanyoni.

Isithombe: Thami Mkhulisa

NONHLANHLA NDWANDWE noMSIZI ZULU

IZINSUKU ezilikhulu zokuqala engenile ehovisi uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnu. uMxolisi Kaunda, ziphele ihleka yodwa imiphakathi eminingi ezindaweni zase-

makhaya njengoba uNgqongqoshe ememezele izigidi zamarandi esezishalwe kwinqalazisinda yezokuthutha.

UKaunda uhambele imiphakathi eminingi yasezindaweni zasemakhaya ukuyoletsa intuthuko yemigwaqo, amabhuloho, irenki kanye nehovisi

lamalayisensi.

Phakathi kwezindawo azihambela uKaunda ezinsukwini eziyikhulu selokhu ethathe izintambo kobenguNgqongqoshe walo Mnyango nosenguNdunankulu wesifundazwe uMnu. uWillies Mchunu, kubalwa i-Peacetown eMnambithi, iShowe,

eDumbe, iNkandla, iDannhauser nezinye.

Kuyona yonke le misebenzi yentuthuko abeyihambise kulezi zindawo, uKaunda ukuqinisekisa ukuthi kuvuleleka amathuba emisebenzi ezakhamizini zakule ndawo nakosonkontileka abancane ukuze kuthuthuke imiphakathi yakulezi zindawo kusuke nekati eziko.

“Ukulethwa kwentuthuko yemigwaqo namabhuloho ezindaweni zasemakhaya kuyisiqinisekiso sokuthi intuthuko iza iyageleza njengoba kwaziwa ukuthi intuthuko ikhonjwa kude kulezo zindawo ezingenayo imigwaqo,” kusho uKaunda.

Kuyintokozo kimina ukuthi ukwakiwa kwebhuloho iNsuze kwenzeka ngemuva kwesikhathi ngisasekomidini lezokuThutha

Ngesikhathi uKaunda ehambele umphakathi waseMnambithi umemezele ukuthi kufakwe isamba sika-R219 million wokufaka itiyela emgwaqeni u-P187 e Bluebank no-P1524 ePeacetown, wathi ukulungiswa kwale migwaqo kulindleleke ukuthi kwehlise izinga lezingozi ezidla lubi kule migwaqo ngenxa yesimo sayo emibi.

NaseShowe abasalanga ngaphandle njengoba lo mphakathi wakule ndawo ngaphansi kwesizwe saKwaKhoza ungene ngaphansi kohlelo lokulungiswa komgwaqo ngemuva kwesifiso

esenziwa owayenguMongameli wakuleli ongasekho uDkt. uNelson Mandela ngemuva kokuhambela le ndawo esenguMongameli wabona isimo esibi somgwaqo.

UMnyango usohlelweni lokuqanjwa kabusha kwemigwaqo ngabaholi namaqhawe

Lo mgwaqo ongu-D135 uzofakelwa itiyela amakhilomitha angu-24 ubude ngesamba sika-R306 million.

Kweminye imisebenzi, uMnyango uhambele indawo yaseNkandla ngaphansi kobuKhosho bakwaMagwaza ekuphendulweni kwesoyi lomgwaqo u-P706 oxhuma ibhuloho lezimoto elisezingeni eliphezulu emfuleni iNsuze.

“Kuyintokozo kimina ukuthi ukwakiwa kwebhuloho iNsuze kwenzeka ngemuva kokuthi ngesikhathi ngisasekomidini lezokuThutha esiShayamthetho sahambela kule ndawo yaseNkandla safica leli bhuloho libhidlikile. Okungijabulisa kakhulu ukuthi njengoba sengingumphathiswa walo Mnyango sengibuyile mina uqobo lwami ukuzophendula isoyi lokulungiswa komgwaqo odlula kulona leli bhuloho,” kusho uKaunda.

Uqhube wathi indaba yokubizwa kwemigwaqo ngezinombolo isizophela njengoba uMnyango usohlelweni lokuqanjwa kabusha kwemigwaqo ngabaholi namaqhawe endawo abambe iqhaza emiphakathini. ukuyofuna lokhu.

UKaunda uzithathela phezulu ezokuphepha emgwaqeni

STEMBILE LUTHULI

EZOKUPHEPHA emgwaqeni sezibe ngenye yezinto ezihamba phambili ezinhlelweni zokuqala uNgqongqoshe uMxolisi Kaunda engenile kwezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi.

Abashayeli babe ngofakazi bokuzimisela kukaKaunda ngezokuphepha emgwaqeni njengoba bemubone okokuqala ezibambeke mathupha kwimvimbamgwaqo eMariannhill Toll Plaza ngempelasonto yomjaho wamahashi iVodacom Durban July nakwezinye izindawo.

Okubuhlungu kakhulu ngalezi zingozi ukuthi eminye imizi eminingi igcina ivaliwe uma kushone wonke amalunga omndeni noma kugcine kusele izintandane

Lezi zivimbamgwaqo zisiza kakhulu ukunciphisa izingozi emgwaqeni futhi uMnyango usubonile ukuthi kubalulekile ukuthi zihlale zenziwa ikakhulukazi uma kulindleleke ukuthi kube nemicimbi ekhona ezoletha isiminyamina emigwaqweni.

Yingakho uKaunda ephinde wazibambela mathupha ukuqinisekisa ukuthi izimoto ezihambambisa izintombi emkhosini woMhlanga KwaNongoma ziba sesimweni esifanele kanye nabashayeli bazo.

Nokho, uNgqongqoshe uthe uyakuqaphela ukuthi esikhathini esifushane engenile ehovisi sekudingekwe angcwabe abantu abashone ezinhlekeleleni zezingozi lapho khona abantu abayisikhombisa eJozini, abangu-11 eHarding nabayisikhom-



Abasebenzisi bomgwaqo sebeyalizwa igalelo likaMnu Kaunda njengoba elokhu ezibambela mathupha ezokuphepha emgwaqeni. Lapha unoNgqongqoshe wezokuThutha uNks Dipuo Peters beseMariannhill Toll Plaza.

Isithombe: Thami Mkhulisa

bisa futhi eHighflats. Ngaphandle kwalezi zinhlekelele, uthe uyazi ukuthi zikhona ezinye ezithathe imiphfumulo ngamunye, ngamibili noma ngamithathu kwezinye izingxenyane zesifundazwe. “Okubuhlungu kakhulu ngalezi zingozi ukuthi eminye imizi eminingi igcina ivaliwe uma kushone wonke amalunga omndeni noma kugcine kusele izintandane, yingakho sonke kumele sizame uku-

gwema izingozi zomgwaqo,” kusho uNgqongqoshe.

Okunye athe engena nje uKaunda wakwenza, kube ngukuhambela izisulu zezingozi zomgwaqo ngaphansi kohlelo uMnyango olenza ngokubambisana nabeRoad Accident Fund (RAF) namabandla ezenkolo lapho kukhunjulwa abadlule ezingozini bese kubhekwa usizo oludingwa yilabo abasele abaphilayo. Phakathi

kwalabo abakhunjulwa enkonzweni ebiseMpangeni uMnu Thulani Mashaba owayenguSekela Meyya kuMaSipala woThungulu nowadlala indima enkulu ekuthuthukiseni umphakathi wakule ndawo. UMashaba wadlula engozini yomgwaqo ku-N2 eBallito ngoJuly ngonyaka odlule.

UKaunda uthe okunye akubhekile ngukuthi ukwenziwa ngcono kwemigwaqo yasemakhaya kuzosiza ukuxa-

zulula indaba yokuthuthwa kwabantu ngamaveni njengoba kucaca ukuthi abeka impilo yabantu engozini enkulu, kanti nomthetho awukuvumeli ukuthutha abantu ngamaveni. “Siyazi ukuthi njalo kulolu daba lwamaveni kuba nesimo senkukhu neqanda, ukuthi yini efika kuqala umgwaqo nemoto okusesimweni,” kusho uKaunda.

“Ezokuphepha Emgwaqweni Kungumsebenzi Wethu Sonke.”

UKaunda ufuna ukuphuthumisa uguquko kwezomnotho

SIBONGISENI THABETHE

UNGQONGQOSHE wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu. Mxolisi Kaunda uthi ukulethwa koguquko kwezomnotho kuzoba iyona ngqikithi yehlandla lakhe lokuphatha kule Minyango. Echaza ngokusebenza kwakhe ezinsukwini ezilikhulu zokuqala kanye nombono wakhe ukuya phambili njengoNgqongqoshe, uKaunda uthi iKwaZulu-Natal ayisona isifundazwe esimpofu kangako kodwa "inselelo esibhekene nayo ngeyokugququla ezomnotho nokuqinisekisa ukuthi amathuba amabhizinisi afinyelela kuzo zonke izakhamizi zakithi". "Nakuba izinsuku ezilikhulu ziyisikhathi esifushane ukuthi umuntu angabheka konke, kodwa kuyithuba lokuqala lokubheka indlela iMinyango engiphathiswe yona ezoyithatha. "Ukuqokwa kwami njengoNgqongqoshe kuqondane nesikhathi sokhetho loHulumeni basekhaya. Lokho kusho ukuthi besiqinisekisa ukuthi kuyaqhubeka ukulethwa kwezidingo kanjalo futhi nokuthi kuba nokuthula nozinzinzo ngesikhathi sokhetho," echaza uKaunda.

"Enye into obekumele ngiyenze kulesi sikhundla esisha bekungukwenza izakhamizi zikuqonde ukubaluleka koguquko olusheshayo kwezomnotho ukuze angabi khona ozizwa esele ngaphandle kwenkululeko yenhlabano-mnotho.

"Indlela eziphendule ngayo izinhlela ezahlukeni esengike ngahlangana nazo, kuhlanganisa nemiphakathi yasemakhaya, ikhombisile ukuthi abantu bakithi babhekene nenselelo enkulu edinga siluphuthumise ngempela uguquko kwezomnotho," kusho uKaunda.

Ube eseqinisekisa ukuthi uMnyango wezokuThutha usuvele umatasa ngokwakha iqhinga, iRadical Eco-



Uzwakala enombono ophusile uMnu uMxolisi Kaunda ngezinhlelo zakhe zokusheshiswa koguquko kwezomnotho.

Isithombe: Zingisa Hlathi

nomi Transformation Strategy, elizokwethulwa maduze kwiKhabhinethi yesifundazwe ukuba ligunyazwe.

Ekuqaleni kwakhe ukuqhuba umkhankaso woguquko lwezomnotho, uKaunda useke wahlangana nemboni yamatekisi mayelana nokuqinisekisa kobambiswano noMnyango ekuquleni imboni yamabhasi exhaswe nguHulumeni ukuze nabo babe neqhaza elikhulu kuyona.

"Sifuna ukwenyusa inani lezinkampani eziphethwe ngabamnyama emisebenzini yamabhasi exhaswe nguHulumeni. Siyakholwa ngokuthi

imboni yamatekisi iyona enegalelo elikhulu emsebenzini wokuthutha izakhamizi ziya noma zibuya ezindaweni eziyizinda zomnotho," kusho uKaunda.

Ubuye waveza ukuthi usezingxoxweni noNgqongqoshe wokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo, uMnu. Sihle Zikalala, ukuthola kabanzi ngamathuba ezomnotho embonini

yamatekisi angasebenza ukuqinisekisa ukuthi kuba nokubamba iqhaza kwezomnotho. "Sibuye sahlonza

imisebenzi yengqalasizinda yokuthutha ukuthi izokuba yizizinda sokuphumelelisa uguquko kwezomnotho. Ngenyanga kaJuly nje kuphela, simemezele izigidi zamarandi esizitshale emisebenzini yemigwaqo ebalelwa

kweyisithupha lapha esifundazweni. "Sizokwenza kube ngumgomo wethu ukuthi njalo osonkontileka bendawo abasafufusa abangaphansi kohlelo loMnyango iVukuzakhe Emerging Contractor Programme nabo bayahlomula kule misebenzi nayo yonke eminye. Ingxenywe engu-30 amaphe-senti enani lemisebenzi ngamunye sihlele ukuthi yabelwe osonkontileka abasafufusa. Kanjalo kunengxenywe ezoya ezinkampani eziphethwe abasimame, ulusha nabakhubazekile. Izimpahla zokwakha nazo kumele zithengwe kosomabhizinisi bendarwo," kugcizelela uKaunda.

Sifuna ukwenyusa inani lezinkampani eziphethwe ngabamnyama emisebenzini yamabhasi exhaswe nguHulumeni

Ziyaqhubeka ezokuqinisa uzinzo nokusimama kwemboni yamatekisi



Ubuholi bemboni yamatekisi nabo osebuke bahlangana noMnu Mxolisi Kaunda ukubheka amasu okusimama nokuqinisa uzinzo kuleli bhizinisi.

Isithombe: Thami Mkhulisa

MABUYI MKARRY

ZIYAQHUBEKA izinhlelo zokuletha uzinzo kanye nokuthuthukiswa kwemboni yezokuthuthwa komphakathi kwaZulu-Natal.

Ngokubambisana neSouth African National Taxi Council (SANTACO), uNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi,

uMnu. Mxolisi Kaunda uzibophezele ngokuthi uMnyango wakhe uzokwela kakhulu ekufukuleni imboni yezokuthuthwa komphakathi ukuthi ikhule.

Ekhuluma emhlanganweni wesigungu sesifundazwe seSANTACO obuseThekwini, uKaunda uthi kubalulekile njengoMnyango kanye

nabemboni ukuthi kukhulunywe ngezinkinga kanye nezinsalelo eziphazamisa ukuthutha nozinzo kule mboni.

Lesi sigungu sibuye sasebenzisa lesi sigcawu ukuthi sibonisane ngezinto ezibalulekile okuhloswe ngazo ukuthi kuphuculwe le mboni yokuthutha umphakathi. UKaunda obelokhu enamathele njalo

ekuzibophezeleni kwakhe ekuguqulweni kwenhlabano-mnotho, unxuse abemboni ukuthi basebenzisane noMnyango ekuguqulweni kohlelo lokuxhaswa kwamabhasi, ukuze nabo babambe iqhaza kakhulu.

"Sikholelwa ekutheni imboni yamatekisi kumele ibe ngehamba phambili. Kodwa ngiyakuqonda kamhlophe ukuthi enye yezinsalelo ezibhekene nemboni yamatekisi eyokungatholi uxhaso lwezimali kulezo zikhungo ezengamele ezezimali. Yize kunjalo, ngiyakholelwa ekutheni uma abemboni yamatekisi bengasebenzisana ngokuhlanganyela bese beyocela usizo lwezimali emabhangwe bangaphumelela," kusho uKaunda. UNgqongqoshe uqhubeka wathi uphokophelele ukuvundulula alwe nalo lonke udleme kwimboni aphinde aqinisekise ukuthi kunoxolo nozinzo kulama sosheshini asasele nezingqinamba.

"Asifuni ukuthi luphinde luvumbuke udleme kulesi sifundazwe. Kubalulekile ukuthi abashayeli bamatekisi bagcine imithetho yomgwaqo basebenze kwimizila efanelekile ngokomthetho. Kubalulekile futhi ukuthi imboni iqinisekise ukusebenza kwezimoto ezisesimweni esifanele ukuba semgwaqeni, babe nezincwadi zokushayela namalayisensi ukuze izimoto zabo zingakhishwa emgwaqeni," kusho uKaunda. Kokunye okwaphakanyiswa amalungu ka-SANTACO ngokukhulunyelwa

uSihlalo wabo, uMnu. Boy Zondi, kuhlanganise ukuhamba kancane kohlelo lokukhishwa kwamalayisensi ngesikhathi ikakhulukazi njengoba le mboni ikhula ngokushesha. Banxuse uMnyango ukuba usheshe uqashe abantu abazosebenza emahhovisi amalayisensi. UZondi uthi bazimisele ukusebenzisana noKaunda ukuthuthukisa ezokuthutha kwisifundazwe.

UKaunda uphinde wahambela umcimbi wezokunikezelwa kweziqu obuhlelwe i-KZN Taxi and Commuter Corporation phecelezi i-KZNTCC, obubanjelwe e-Nkosi Albert Luthuli International Convention Centre muva nje. Lo mcimbi bekungowokuhlalalisa amalungu emboni yamatekisi ngokuphuthula uhlelo lwabo lokuqeqeshwa. Kanjalo ebambisene noNdunankulu uWillies Mchunu, babungaza nayo imboni kwi Taxi Indaba, eyayidingida zonke izinhlelo nezinqinamba ebhekene nazo ngeso lokuthutha izixazululo. Zonke lezinhlelo zihlose ukugququzela umbano kwimboni yamatekisi kwaZulu-Natal kanye nokusiza ukuthi kusebenzeke ngendlela ephephile nenoxolo kwimiphakathi ethuthwayo.

"Sizoqhubeka nokweseka izinhlelo ezifana nalezi ezibhekilelele ukusebenza kwemboni yamatekisi eqotho, ezikhandlayo, enezimpendulo, ephephile nenoxolo kwaZulu Natal," kusho uKaunda.

Kugcizelelwa iqhaza lomphakathi ekulweni nobugebengu

Ngalokhu nje kukodwa, sikwazile ukulwisana ngempumelelo nezimpi zasemahostela eThekwini kuchaza uKaunda.

SINDISWA ZIKHALI

AMAPHOYISA abophezelwe uMthethosisekelo ukulwa nobugebengu, ukunakekela kanye nokuvikela izakhamuzi kodwa imiphakathi ngokwayo kufanele ihambe phambili ekulweni nobugebengu kanye nasekulweleni isifundazwe esiphephile.

Lona iwona myalezo kaMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMxolisi Kaunda, abewushumayela ekuhlanganyeleni kwakhe nemiphakathi ezinsukwini zakhe zokuqala eziyikhulu seloku eqalile kulomsebenzi njengoMphathiswa.

Ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, uKaunda uhlanganyele nemiphakathi eyahlukene phakathi kokunye ukuzobanxusa ukuba basebenzisane namaphoyisa ukulwa nobugebengu kanye nokubagqugquzela ukuba bahambe phambili ekulweni nobugebengu.

Uhambe wonke amakhona esifundazwe ethula ngokusemthethweni izinhloko zomphakathi ezilwa nobugebengu. Uphinde wahlangana nemindeni esosizini ngenxa



Emizamweni yokulwa nodlame lwasemahostela kuhlangukisa nelaseGlebelands uMnu Moxlisi Kaunda uhlanganyele nobuholi bezinhloko ezahlukene esifundazweni bakhuthaza imiphakathi ukuba ibe phambili ekuqinisekiseni ukuthula nokuba kuphele ubugebengu ezindaweni ehlala kuzona.

Isithombe: Thami Mkhulisa

yokulahlekelwa abathandweyo bayo. Kanjalo uhlanganyele nezakhamuzi ukuncoma impumelelo yokungenelela komnyango ekuletheni ukuthula nozinzo emphakathini. Ukuveza nje kafushane ezinye zezinto esezenzekile, ukwethulwa kwezinhloko zomphakathi zezokuphepha oPhongolo, ukugujwa komcimbi wokukhumelana umlotha endaweni yaKwaNibela, eHluhluwe, kanye nokusayinwa kwesivumelwano

sokuthula, esiqeda ukungqubuzana eHostela lase-Glebelands. “Sinesiqiniseko sokuthi izinhlelo zoMnyango zizobhekana ngqo nezimpi ezenzekayo esifundazweni. Ngalokhu nje kukodwa, sikwazile ukulwisana ngempumelelo nezimpi zasemahostela eThekwini. Ngaphambi kokhetho, sisayine isivumelwamo sokuzibophezela ukuqeda izimpi ehostela lase-Glebelands,” kuchaza uKaunda.

“Ngokunjalo, nginesibindi sokusho ukuthi ngenyanga ka-August njengoba bekunokhetho kuwo wonke amahostela akulesi sifundazwe kuvotwe kahle kwaba nokuthula. Impela lokhu kuyisiqalo esibalulekile sokuthula nozinzo esifundazweni sakithi KwaZulu-Natali,” eqhubeka echaza.

Umyalezo wakhe emphakathini wukuthi ubugebengu abubuyiseli ngalutho. Uphinde wanxusa umphakathi ukuthi

usebenzisane namaphoyisa ukuqinisekisa ukuthi labo abathintekayo ezenzweni nobugebengu babhekana nengalo yomthetho. “Impi yokulwa nobugebengu ingeyethu sonke, namaphoyisa angakwazi kuphela ukufezekisa okushiwo usomqulu womthetho sisekelo okuwukunakekela kanye nokuvikela izakhamuzi zaseNingizimu Afrika uma sisebenza ndawonye,” kusho uKaunda.

Abantu kumele baqonde ngokuhlulonishwa komthetho



UMnu Mxolisi Kaunda ugcizelela kakhulu ukuhlulonishwa komthetho uma abantu bebhikisha.

Isithombe: Thami Mkhulisa

SINDISWA ZIKHALI

EZINSUKUWINI ezilikhulu (100) uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnu Mxolisi Kaunda, ubeloku ematasa egqugquzela ukubaluleka kokuhlulonishwa komthetho njengoba noMthethosisekelo kanjalo nosomqulu wamalungelo

ukubeka ngokusobala. UKaunda ukuqinisekisa ukuthi isifundazwe saKwaZulu-Natal akusona esikamazenzele. Bonke abantu kumele bathobele umthetho bawuhloniphe. Ugcizelele nokubaluleka kokuhlulonishwa kwempilo, wathi ngenkathi abanye bejabulela amalungelo abo akumele badicilele

phansi amalungelo abanye abantu. UKaunda ugcizelele kakhulu ukuqinisa komthetho ngesikhathi seziteleka ezingekho emthethweni kanye nalezo ezinodlame. Uthe amaphoyisa azosebenza ngakho konke okusemandleni ukuvikela umthetho, ingqalasizinda kanye namalunga awo futhi angeke

ayekelele noyedwa ukuba azenzele umathanda.

Khona manjalo uKaunda ugxoke kakhulu labo abadicelela phansi ingqalasizinda kaHulumeni. Amaphoyisa anxuswa ukuba angazibezelele izenzo ezifana nalezi futhi enze konke okusemandleni ukulwa nalezi sihlava.

Ukungenelela kuka-Kaunda kubonakale kuthela izithelo ezinhle njengoba sehlile isibalo semibhikisho, ukudicilelwa phansi kwengqalasizinda njengoba kwenzeka endaweni yaseMshwathi ngenkathi kushiswa impahla kaHulumeni.

Ukuvikela umthetho kubenzi bobugebengu kuphinde kwamlekelela uKaunda ezingxoxweni zakhe nabezepolitiki ngesikhathi kulungiselelwa ukhetho loHulumeni basekhaya luka-2016.

Unxuse abaholi bezepolitiki ukuthi bangasebenzisi amagama ayiziswa na angaholela ekutheni asuse udlame lwezepolitiki wagcizelela nokubaluleka kanye nesidingo sokusebenza ngokubambisana ukuqinisekisa ukuthi isifundazwe saKwaZulu-Natali siba nokhetho olunozinzo kanye nokuthula.

Imizamo yakhe yokusebenzisana nababambe iqhaza kulethe enkulu impumelelo ekutheni isifundazwe

sakithi sibe nokhetho olukhululekile nolungachemile.

Khona manjalo uKaunda ugxoke kakhulu labo abadicelela phansi ingqalasizinda kaHulumeni

“Lokhu kuwumyalezo osobala nozwakalayo ukuthi isifundazwe sakithi sesifulathele izimpi nodlame futhi sekuwumhlahlandlela woxolo, uzinzo, kanye nokuthula kwezepolitiki,” echaza uKaunda.

“Ngaloku sifisa ukubonga bonke abantu baKwaZulu-Natal, sibala abezomthetho, amaqembu ezombusazwe kanye neKhomishana yokhetho ezimele (Independent Electoral Commission), ukuqinisekisa ukuthi isifundazwe siba nokhetho olunokuthula, olukhululekile nolungachemile.

Uthe makube indlela esiziphatha ngayo isifundazwe ngazo zonke izinkathi zokhetho, futhi kube isisekelo esiqinile sokuthula okuzolokhu kuqhubekile njalo kanye nentuthuko kulesi sifundazwe.

“Sigxilisa amandla kubantu ukulwa nobugebengu.”